isisetshenziswa ngokugcwele indima edlalwa ama-medical scheme izoshintsha njengoba azohlinzeka ngemisebenzi engakwazi ukukhokhelwa ngeSikhwama seNHI.

INHI ngeke ivumele ukukhokhiswa kwezimali ezinkulu ezikhokhiswayo kumanje, ikakhulukazi ekhokhiswa izibhedlela ezizimele. Labo abahlinzekela ezokwelashwa ezizimele ngeke besavunyelwa ukukukhokhisa imali engaphezulu ebizwa ngokuthi ukukhokha ngokuhlanganyela ngemva kokuthi iSikhwama seNHI sesibakhokhele.

### Ingabe kungani kubalulekile ukubamba iqhaza?

Ukubamba iqhaza komphakathi indlela yentandoyeningi elandelwayo eqinisekisa ukuthi labo abashaya imithetho bayazilalela izimvo zabantu uma beshaya imithetho.

## BEKA UVO LWAKHO!

### Ingabe ngubani okufanele abambe iqhaza futhi kanjani?

Bonke abanentshisekelo namaqembu, abantu kanye nezinhlaka ezihlelekile ziyamenywa ukuthi bazobamba iqhaza ngo-:

- **Kwenza izethulo ezibhalwe phansi eziqondiswe eKomidini LeSishayamthetho elibhekele Ezempilo**. Izethulo kufanele zithunyelwe ku-Secretary of the Portfolio Committee on Health Ms Vuyokazi Majalamba mhlazi-**29 kuLwezi (Novemba) wezi-2019.**

    **Ikheli:** 3rd floor, 90 Plein Street, Cape Town 8000
    **I-imeyili:** vmajalamba@parliament.gov.za
    **Ifeksi:** 086 694 3279

- **Kuhambela imihlangano yokulalelwa komphakathi:** Imihlangano yokulalelwa kwemiphakathi izobanjelwa kuzo zonke izifundazwe kusukela mhlazinga-**25 kuMfumfu (Okthoba) wezi-2019** eziyingini eziningana kanye nakomasipala abakhulu kulo lonke leli lizwe.

Ukuthola ulwazi olwengeziwe mayelana nezethulo kanye nemihlangano yokulalelwa kwemiphakathi mayelana nalo Mthethosivivinywa ungaxhumana noNobhala weKomidini LeSishayamthetho elibhekele Ezempilo uNk Vuyokazi Majalamba kulokhu:

**Ucingo:** (021) 4033770
**Iselula:** 0837098522
**I-imeyili:** vmajalamba@parliament.gov.za

This pamphlet is available in all the official languages of South Africa.

isiZulu

Produced by Core Business Support: Public Education Office • Activist and Responsive People's Parliament • www.parliament.gov.za • P.O Box 15, Cape Town, 8000 • Telephone: (021) 403 3341

PARLIAMENT OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA




Have your say

# UMthethosivivinywa WesiKhwama SoMshwalense WezeMpilo KaZwelonke (i-NHI)

## UMthethosivivinywa WesiKhwama SoMshwalense WezeMpilo KaZwelonke (i-NHI)

IPalamende laseNingizimu Afrika limema umphakathi ukuthi ubeke imibono mayelana noMthethosivivinywa WesiKhwama SoMshwalense WezeMpilo KaZwelonke (i-NHI**)** (B 11-2019). IKomidi LeSishayamthetho Sikazwelonke elibhekele Ezempilo, lisebenza ngokulandela isigaba sa-59 (1) soMthethosisekelo, lifuna ukukhuthaza ukubamba iqhaza komphakathi ekushayweni komthetho kanye nakweminye imisebenzi yeSishayamthetho kanye nasemakomidini aso.

### Ingabe yini kuyi lo Mthethosivivinywa WesiKhwama SoMshwalense WezeMpilo KaZwelonke (i-NHI)?

Inhloso yoMthethosisekelo ngeNHI ukuhlinzekwa kokufinyeleleka kokunakekeleka kwabo bonke abantu baseNingizimu Afrika ngokwezempilo okusezingeni elifanele njengoba kubhalwe kuMthethosisekelo. UMthethosisekelo wamukela ukunakekelwa ngokwezempilo njengelungelo lobuntu oluyisisekelo. Ubalula ukuthi "wonke umuntu unelungelo lokuthola izinsiza zokunakekeleka ngokwezempilo ... umbuso kufanele uthathe izinyathelo zokomthetho ezifanele kanye nezinye izindlela, ongahle ubenazo kuzinsizakusebenza zawo, ukuze uphumelele ukubona la malungelo abheka phambili nokuthi akukho muntu onganqatshelwa ukunikezwa usizo oluphuthumayo lwezokwelashwa." UMthethosivivinywa WeNHI ufuna ukuphumelela kulokhu ngokuqinisekisa ukuthi:

- Akukho muntu oncishwa lawa malungelo abalwe ngenhla ngenxa yesimo sakhe senhlalo-mnotho;
- Kwakhiwa isikhwama esisodwa sezempilo esibhekele umphakathi esinezinsizakusebenza ezenele ukuze kuhlelelwe futhi kuhlangatshezwane kahle nezidingo zezempilo zazo zonke izakhamuzi, kungabi ngabambalwa abakhethekile; kanye
- Injongonqangi ukuthi kutholakale uhlelo LokuFinyelela KwezeMpilo KuWonke Wonke olwaziwa ngelithi i-Universal Health Coverage (UHC).

### Ingabe yini lo Mthethosivivinywa WeNHI nokuthi ingabe izobazohlomulisa kanjani abantu baseNingizimu Afrika iNHI?

- Isikhwama seNHI sizokhokhela abantu baseNingizimu Afrika bazozonke izinhlanga, kungaba abacebile noma abampofu kanjalo nalabo abahlala kule lizwe ngokusemthethweni asebenobuzwe balapha.
- Kuzobanesikhwama sokunakekelwa ngokwezempilo esisodwa esizokhokhela labo abahlinzeka ezokwelashwa ezibhedlela ezizimele kanye nalabo abasebenzela hulumeni.
- Izindleko zemisebenzi yezokwelashwa zethu zizoncipha okungukuthi yizona ezibiza kakhulu kunazozonke emhlabeni wonke okwamanje.
- Uma abantu bevakashela ezindaweni zezokwelashwa ngeke kubekhona zimali ezikhokhwayo ngoba isikhwama seNHI sizokhokhela izindleko zokwelashwa kwabantu njengoba kwenzeka ezikhwameni zemishwalense eyaziwa ngokuthi ama-medical aids zenzela amalungu awo.
- INHI izonciphisa igebe phakathi kwabacebile nabampofu ngokulandela izilinganiso zezokwelashwa.
- Ngeke kusabanesidingo sokuthi abantu baseNingizimu Afrika bakhokhe bukhoma emshwalenseni wezokwelashwa ukuze bathole ukunakekelwa ngokwezempilo okufanelekile. ISikhwama seNHI sizothola imali e-:

✓ Zinteleni ezijwayelekile,

✓ Mnikelweni yabantu abahola ngaphezulu kwenani elibekiwe, kanye

✓ Mnikelweni wanyangazonke ozokwenziwa ngabasebenzi.

- Abaqashi bazokwelekela iSikwama seNHI ngokuqinisekisa ukuthi iminikelo yabasebenzi babo iqoqwa futhi yethulwa ngendlela efanayo naleyo yeminikelo yeSikwama Sabasebenzi Abalahlekelwe Umsebenzi i-UIF.

### Ingabe kuzokwenzekani kumalungu wama-medical aid scheme kanye nalabo abahlinzeka ezokwelapha ezizimele?

INHI ngeke ithathe indawo yama-Medical Aid Scheme, amalungu akhululekile ukuthi aqhubeke nama-medical scheme awo uma esafisa ukuqhubeka nawo. Uma iNHI



